



# Usebenzisa ukulima ukuzivocavoca

Ukhiqizela ukudla akutshalile labo abathole amathenda okuphakela izikole

## THANDEKA NGOBESE

**U**SEPHAKELA isikole nezitolo zendawo owesifazane waseGcilima, ngasePort Shepstone, oqale ukulima imifino ngoba efisa ukunikeza umndeni wakhe ukudla okunempilo.

UNkk Ntombifikile Ngeleka (67) otshale iklabishi, i-spinach utamatisi, u-anyanisi, izaqatha, ubhontshisi, u-beetroot nobhanana - ensimini yakhe engamahektha amabili nohha-fu, uthole indondo yeBest Sustenance Producer eMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal ngo-2016.

**ILANGA** livakashele emzini wakhe ngeledlule ngenhloso yokubona ukuthi ngabe usaqhubeka yini nomsebenzi wakhe noma usephelelwe ngamandla ngenxa yobudala.

Ekhuluma naleli phephandaba, uthole ukulima kuyimpilo kuyena, ngeke akuyike njengoba kuyikhona akusebenzisa njengethuluzi lokuvo-cavoca umzimba wakhe.

“Ngivuka ngehora lesine ngigeze, ngidle bese ngiya ensimini.

Umsebenzi mningi kakhulu kanti ukudla kuthi kungakavuthwa kahle, uthole ukuthi abantu sebeyakufuna. Ukukhiqizela abathole amathenda okuphakela izingane ezikoleni, kungijabulisa kakhulu ngoba lokhu kusho ukuthi izingane zethu zizidla ukudla okunempilo.

“Kulezi zingane kukhona ezisuke ziswele ngempela, eziphila ngakho lokhu kudla, manje umthwalo usuke uhleli emahlombe ami ukuba ngizinike ukudla okunempilo,” kusho uNkk Ngeleka. Umkhiqizo wakhe uthi uwudayisela isikole esikhona endaweni, iGcilima Primary nezitolo ezimbili ezisempakathini kanti okunye kuthengwa yiziguli njengoba abuye adayise emtholampilo wendawo.

“Ngendlela umsebenzi omningi ngayo, sengize ngaqasha abanye besifazane ababili abangilekelelayo kwazise njalo ekuseni kufanele sichelele izitshalo,” kusho yena. Uthe nakuba isivuno sakhe salo nyaka siphazamisekile ngenxa yesomiso, kodwa eminyakeni edlule kusebenze kahle njengoba imvula ibikhona, ekwazi ukuthola amanzi okuchelela edanyini elisengadini yakhe azakhela lona.

Echaza ngothando lwakhe lokutshala imifino, uthole luqale engutshisa kwesinye sezikole zaseGeilima. “Bekuthi njalo uma ngibuya esikoleni ngenze umsebenzi wase-ngadini.

“Into ebingenza ngihlale ngigugquzelekile ukuqhubeka (nokulima), wukubona abantwana bami bedla kahle ukudla okusha njalo futhi okunempilo nokubona umphakathi uwujabulela umsebenzi engiwezayo futhi ungeseka njengoba belingashoni ilanga ungezanga ukuzothenga engikutshalile,” kusho uNkk Ngeleka.

Uthe ukudla okubalwa kukhona u-anyanisi nezaqathe, akakwazi nokuthi kuyimalini esitolo ngoba akakuthengi, uyazitshalela. Imali ayithola ngomsebenzi awenzayo uthi yiyona emsize ukuthenga umhlaba ongamahektha amathathu azowusebenzisa ukutshala uhlobo olukhethekile lwezihlahla, olwaziwa ngele-tea trees.

“Umeluleki wami wezolimo useyihlolile indawo yaphasiswa ukuthi ikulungele ukuba kutshalwe lolu hlobo lwezihlahla,” kusho yena.

Uthe lezi zihlahla ziyahluzwa kukhishwe amafutha kuzona, abizwa nge-tea tree oil, asiza ezinkingeni eziningi zesikhumba kanti abanye bayawasebenzisela ukugcoba izinjini zemishini.

“Kunomlungu esengivumelene naye ukuthi uma sengizivunile uzo-



UNKK Ntombifikile Ngeleka oziphilisa ngokulima, ungena engadini yakhe aphume nobhasikidi ugcewele ukudla akutshale ensimini yakhe.

**IZITHOMBE NGU: SABELO MASUKU**

zithenga. Loluhlelo lokutshala lezi zihlahla ngifisa ukuluqala uma kuqala unyaka ozayo,” kuchaza uNkk Ngeleka. Ugugquzela omama abasenawo amandla okusebenza ukuba bavuke bazithintithe, baqale balime.

“Iningi imakethe kwezolimo, nami ukuba ngasheshe ngalibona leli thuba, ngabe ngikude kakhulu. Uhulumeni unalo uxhaso futhi luningi kulaba abafisa ukulima, ngakho makusetshenzweni. Okuhle ngokulima wukuthi kawudingi ukuba nemali eningi



USEPHAKELA isikole ugogo Ntombifikile Ngeleka ngokudla akutshalile.

ukuze uqale ngoba izithombo kazibizi futhi namanzi ezindaweni eziningi zasemakha-ya kawathengwa, siwathola mahhala,” kusho uNkk Ngeleka.

thandeka.ngobese@ilanganews.co.za

MASSIVE  
**WINTER  
CLEARANCE  
SALE**

SALE STARTS  
26<sup>TH</sup> JULY -  
8<sup>TH</sup> AUGUST 2018

**LINEN  
FACTORY**  
Branded chainstore linen

Linen Factory Crazy Sale  
 linen.factory.shop  
 078 237 9467